IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

49/2015 Intshumayelo ngesonto 17 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 27. 09. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe ku-1 Joh. 5:4b: **"Lokhu kuyinqobo enqobébe izwe; ukukholwa kwethu."**

1. Iculo 99/91

2. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, Mninimandla onke, sisondela phambi kobuso bakho nanamuhla ukuzwa izwi lakho. Nkosi, akuthi-ke siseza kulizwa izwi lakho usiphe uMoya wakho oNgcwele, ukuba ekuhluphekeni kwethu konke, simbone uJesu uMsindisi wethu, nathi sikhale kuye, sicele kuye ngokukholwa ukuthi uzakusipha lokhu esikucelayo, ngomusa wakhe omkhulu. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-Isaya 49:1-6;

   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 10:9-18;

   Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe kuMarku 9:17-27.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 148/138

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 15:21-28, lithi: "UJesu ephuma lapho wamuka, waya emaphandleni aseTire naseSidoni. Bheka, kwavela emikhawulweni yakhona owesifazane waseKhanani, wakhala wathi: Ngihawukele, Nkosi, Ndodana kaDavide! Indodakazi yami ikhwelwe kabi yidemoni. Kepha akamphendulanga ngazwi. Base besondela kuye abafundi bakhe, bamncenga, bathi: Mmukise, ngokuba uyakhala emva kwethu. Kodwa waphendula wathi: Angithunyelwanga kwabanye, kuphela ezimvini ezilahlekileyo zendlu yakwaIsrayeli. Kepha wayeseza, wakhuleka kuye, wathi: Nkosi, ngisize. Waphendula wathi: Akukuhle ukuthatha isinkwa sabantwana, usiphonse ezinjaneni. Yena wathi; Yebo, Nkosi; kepha nezinjana zidla imvuthuluka ewa etafuleni labaninizo. Khona uJesu waphendula, wathi kuye: O mame, kukhulu ukukholwa kwakho; makube-kuwe njengokuthanda kwakho. Indodakazi yakhe yasinda kusukela kulesosikhathi." Amen.

8. Intshumayelo: Bandla elithandekayo leNkosi yethu uJesu Kristu, sisemasontweni esikhathi esilandela umkhosi wobuThathwemunye, okuyisikhathi esibonga nesidumisa ngaso uNkulunkulu uMthathwemunye ngenxa yemisebenzi yakhe emikhulu asenzele yona ngomusa wakhe. Namuhle-ke sikuyisonto leshumi nesikhombisa emva komkhosi wobuThathwemunye.

Yebo bandla, amazwi entshumayelo yethu yanamuhla siwafumana evangelini ngokukaMathewu kulawamazwi sifumana iNkosi uJesu esemaphandleni aseTire naseSidoni elapho kuqhamuka owesifazane waseKhanani uhluphekile, uyakhala uthi: Ngihawukele, Nkosi, Ndodana kaDavide! Indodakazi yami ikhwelwe kabi yidemoni.

Bathandekayo, uJesu esahamba lapha emhlabeni wenza imisebenzi emininingi yamandla, ephulukisa abagulayo bephethwe yizifo ngezifo, ekhipha nawomoya ababi kwabakhwelwe ngamademoni, evusa nasebefile. Bandla, kunjalo nanamuhla, uJesu usayenza lemisebenzi emininingi yamandla. **Ngakho-ke uJesu unguMsizi onamandla**.

1. Masicele kuye ngokukholwa!
2. Masicele kuye singadinwa!

1 Masicele kuye ngokukholwa. Bathandekayo eNkosini, kuwo amazwi entshumayelo yethu yanamuhla sifumana uJesu uhlangabezane nowesifazane waseKhanani. Lomame akasiye umJuda, akasiye wesizwe sakwaIsrayeli, kodwa ungowezizwe, umSerofonike ngokuzalwa. Lowesifazane uhluphekile kabi, engicabanga ukuthi usuye le nale, ngenxa yokugulelwa yindodakazi yakhe ikhwelwe yidemoni. Esebonile ukuthi akatholi usizo kwabanye, wezwa ngoJesu, weza kuye. Bandla, lowesifazane ubona uJesu, uyamcela ukuba amsize ekhiphe idemoni elikhwele indodakazi yakhe, uthi: Ngihawukele, Nkosi, Ndodana kaDavide! Indodakazi yami ikhwelwe kabi yidemoni. Sizwa ukuthi uJesu akamphendulanga ngazwi lo wesifazane.

Bathandekayo, uJesu unguMsizi onamandla, nathi ekuhluphekeni naseosizini olusivelelayo, masicele kuye ngokukhola.

Bafowethu, bodadewethu, kunjani kini na? Niyakholwa yini ukuthi uJesu unguMsizi onamandla na? Kunjani ekuhluphekeni kwenu, ekuguleni, osizini, niyacela yini kuye ngokukholwa na?

Bandla uma sizibheka, sizobona ukuthi singabantu abanobuthakathaka nje. Abanye ekuhluphekeni abamboni uJesu enguMisizi onamandla, kungathi abamazi, abakholwa nguye abamethembi. Ekuhluphekeni nasosizini olubavelelayo bafuna usizo kwenye indawo, baya ezinyangeni nasezangomeni, baye nakwabafileyo bakubo.

Makholwa, makungabi njalo kithi, thina simbonile uJesu, futhi siyamazi sikholwa nguye. Ekuhluphekeni, ekuguleni nasosizini lokufa, masiye kuye uJesu, yena onguMsizi onamandla. Yebo, nguye onamandla phezu kwezinhlupheko zethu zonke ezisivelelayo nezingasivelela. Yebo, bandla, nathi masilingise lowesifazane ekuhluphekeni kwakhe. Akayanga kwenye indawo, akacelanga usizo kwabanye, kodwa wambona uJesu, wazi ukuthi nguye uJesu onguMsizi onamandla, wathi: Ngihawukele, Nkosi, Ndodana kaDavide. Yebo, izwi likaNkulunkulu lithi: Ngibize ngosuku lwenhlupheko, ngiyakukukhulula, wena uyakungidumisa, amaH. 50:15. Asizwe nezwi lesibili elithi:

2. **Masicele kuye singadinwa!** Bathandekayo, amazwi okugcina kuyo intshumayelo yethu yanamuhla ayasikhombisa uJesu onguMiszi onamandla, ukuba nathi sicele kuye singadinwa.

Bandla, esikuzwayo kulamazwi ukuthi lowesifazane noma ekhala kangaka ecela, ethi: Ngihawukele, Nkosi, ngisize, uJesu akamphenduli ngazwi. Bandla, uma ucabanga ungasho ukuthi akayeki ngani. Kodwa lowesifazane kukhona okumqhubayo, uqhutshwa ukuhlupheka kwakhe, uqhutshwa ukukholwa kwakhe. Esikuzwayo uJesu uphendula kamuva ngokuthi angithunyelwanga kwabanye, kuphela ezimvini ezilahlekileyo zendlu yakwaIsrayeli, njengokusho kukaMathewu 10:5-6. Nokho lomame akathuli akayekeli ukukhala nokucela, uyakhuleka kuJesu uthi: Nkosi, ngisize. UJesu uyaqhubeka uthi: Akukuhle ukuthatha isinkwa sabantwana usiphonse ezinjaneni. Lowesifazane akadinwa uyaphikelela ukucela uthi: Yebo, Nkosi, kepha nezinjana zidla imvuthuluka ewa etafuleni labaninizo. Bandla, ukukholwa kwalomame kwamnqoba uJesu, wamzwela ekuhluphekeni kwakhe, wathi: O, mame, kukhulu ukukholwa kwakho, makube kuwe njengokuthanda kwakho, indodakazi yakhe yasinda kusukela kulesosikhathi.

Makholwa, kunjani kithi? Niyaphikelela yini ekuceleni, noma ningaboni usizo ngalesosikhathi na? Aniodinwa yini? Anisho yini ukuthi kunini ngicela kungani ngingatholi usizo na? Bafowethu, makungabi nalo, nanamuhla uJesu usenguye uMsizi onamandla, ekuhluphekeni kwethu ekuguleni, yebo nasosizini olungakanani olusifikelayo, masicele kuye uJesu, sithi:

Ngihawukele, Nkosi! Nkosi, ngisize, njengaye lowesifazane. Yebo, noma singatholi usizo ngalesosikhathi, uNkulunkulu uyavivinya nokukholwa kwethu ukuthi siyakholwa nguye na? Siyamethemba na? Ake simethembe, noma singatholi impendulo masinya, noma sizwa amazwi ezwakala ezinhliziyweni zethu ungathi iNkosi ayithandi ukusisiza thina. Qha-ke, uyavivinya ukukholwa nokubekezela kwethu kuphela.Sibambelele ezwini leNkosi elithi: Iyathanda ukuba bonke basindiswe.

Yebo bandla, nguye uJesu ongasisiza nasosizini lwezono, nguye owasihluphekela, waze wayosifela esiphambanweni eGolegotha. Yebo, nanamuhla uma sisondela kuye, sicela ukuba asithethelele izono zethu, uzosithethelela ngomusa wakhe.

UNkulunkulu, uBaba wethu osezulwini, makasisize thina sonke, sisawezwa lawamazwi, asiphe uMoya wakhe oNgcwele ukuba nathi ekuhluphekeni, ekuguleni, noma osizini lwezono nolokufa, simbone uJesu onguMsizi onamandla, sicele kuye singadinwa, siphikelele njalo. Khona-ke nathi siyakulizwa elelizwi eliduduazyo elithi: O! Kukhulu ukukholwa kwakho. Makube kuwe njengokuthanda kwakho. UNkulunkulu akasiphe lokhu ngomusa wakhe. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini siyabonga, sibonga izwi lakho elingcwele, esesilizwile nanamuhla. Nkosi, sisize ukuba nathi ekuhluphekeni kwethu sikubone, wena Jesu, Msindisi wethu, onamandla phezu kosizi lwethu lonke, sicele kuwe ngokukholwa, singakhathali. Nkosi, namanje siyacela, usithethelele zonke izono zethu, ngayo iNdodana yakho ethandekyo uJesu Kristu uMsindisi wethu. Amen

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 181/181

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2009 ngu-F. J. Mtshali.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.